

Ikati elinethromboni

Ixoxwa nguShasha Seakamela
Imidwebo nguJohann Strauss
Ihunyushwe nguMalungi Mbhele

Kwusukasukela, umlimi eMoletjie, eLimpopo, wamema ababezokuza enhlolokhonweni yomculo. Umlimi lo wayefuna umculi ophambili owayekwazi nokudlala izinsimbi zomculo kahle ngempela. Wayefuna ukuthi lowo owavezohlabana kuleyo nhlolokhono acule emshadweni wakhe.

Umlimi wabizela izilwane ndawonye. "Ngicela nilalele ngokucophelela konke engikushoyo," kusho yena. "Kusasa, ngifuna nize eholo lomphakathi ukuze ningenele inhlolokhono yomculo. Ngifuna nifike nihlanzekile, nibukeka kahle. Kumele nikwazi ukucula nokudlala izinsimbi zomculo kahle, futhi ngifuna nibukeke nikuthakasele lokho enizobe nikwenza. Wozani nizongikhombisa ukuthi niyishaya kanjani into yenu."

Zonke izilwane zamlalela, zanqekuzela lokho ayekusho.

Ngosuku olulandelayo isilwane sokuqala esangenela inhlolokhono, kwakuyimbongolo eyayinothuli, iphethe isicingci sayo. Imbongolo yanikezwa iphepha lomculo ukuze ibukele kulona. Yaqala ukudlala isicingci sayo:

Qwi! Qwi! Qaaa!

Qu! Qu! Qwiii!

Pam! Pam! Piii!


Yase iqala nokucula:

Ooowu! Ooowu!

Ooowu! Oooowu!

Umlimi wayekuthandile ukucula kwembongolo, kodwa wayengeneme ngokuthi imbongolo yayingcolile futhi igcwele uthuli. "Ngiyawuthanda umculo wakho.

Ungumdlali wesicingci oncomeka kakhulu, kodwa unothuli kakhulu ukuthi ungazocula emshadweni wami." Umlimi wayibonga imbongolo wase eyidedela ihambe.



Owalandela enhlolokhonweni kwaba yinkomo ehlafunayo. Yayifike iphethe imarimba. Nayo yanikezwa iphepha lomculo ukuba ibukele kulona.

Inkomo yaqala ukudlala imarimba yayo:
Ngom! Ngom! Ngaaa!
Nkom! Nkom! Nkaaa!
Bhom! Bhom! Bhaaa!

Yabuye yaqala ukucula:
Muuuuu! Muuuu! Ooowu!
Muuuuu! Muuuu! Ooowu!
Muuuuuu! Muuuuu!
Muuuuuu! Muuuuu!



Umlimi wayejabule ngokudlala kwenkomo imarimba, kodwa akakuthandanga ukuthi yayihlafuna ngenkathi icula. "Ungumdlali wemarimba oyengeweti," kusho umlimi, "kodwa awuzimisele neze ngalokhu okwenzayo. Akufanele uhlafune uma ucula." Umlimi wayibonga inkomazi, wayidedela ukuba nayo ihambe.

Kwalandela ingulube eyedelelayo, nenodaka iphethe isigubhu esikhulu. Ingulube yaqala yaya embongolweni nasenkomeni. Yaqala ngokuzitshela ukuthi kwakuyiyo umakhonya futhi yiyo eyayizokhethwa ukuba icule emshadweni womlimi. Ingulube yabe seytshela imbongolo nenkomo ukuba ziphume ngokushesha ngoba kwakungekuhle ukuba ziqhubekе nokuchitha isikhathi sazo.

Ingulube yaqala ukudlala isigubhu sayo:
Gooo! Gooo! Gaaa!
Hhiwu! Hhiwu! Hha!
Bhu! Bhu! Bhu!

Emva kwalokho ingulube eyedelelayo, egcwele udaka yabe seyiqala ukucula futhi:
Ooiiiooiiooiii! Ooiiiooiiooiii!
Ooiiiooiiooiii! Ooiiiooiiooiii!
Grooor! Gruuur! Grrrrr!

Emva kokuba isiyiqedile ingoma yayo, umlimi wathi, "Usidlle kahle kakhulu isigubhu sakho, kodwa uyedelela futhi awuzinakekeli. Ugcwele udaka, uyanuka futhi." Umlimi wabe eseyibonga ingulube nayo wayidedela ukuba ihambe. Ingulube yayidangele, ikakhulukazi lapho inkomo nembongolo seziyihleka ngenkathi iphuma ehholo lenhlolokhono.

Owalandela esiteji kwaba yikati. Laliphethe ithromboni. Ikati lalifuna ukuqinisekisa ukuthi lalihlanze ke kakhulu. Ngaphambi kokuba lingene esiteji, lazikhatha lazikhatha laze lacwebezela.


Ikati laqala ukudlala ithromboni yalo enhle:
Nyaaaaaaawu! Nyaaaaaaawu! Nyaaaaaaawu!
Grrrrgrrrraaawu! Meaaaaaaawu! Grrrrgrrrraaawu!
Nyaaaaaaawu! Nyaaaaaaawu! Nyaaaaaaawu!



Kwesinye isikhathi laliyidlalela phezulu kakhulu ithromboni yalo, kwesinye isikhathi liyidlalele phansi kakhulu. Ngezinye izikhathi lalidansa nokudansa. Umlimi wayelokhu elishayela izandla ngawo wonke umsindo elaliwenza ikati. Wayejabule kakhulu ngoba wayesesitholile isilwane esasizonandisa emshadweni wakhe.

"Ubukeka uhlanzekile kakhulu," kusho umlimi.
 "Ngiyayithanda indlela odlale ngayo ithromboni yakho.
 Unekhono elihle kakhulu. Futhi uphinde wakhombisa
 ukuba nentshisekelo enkulu emculweni wakho.
 Ngikhetha wena ukuba udlale emshadweni wami
 ePolokwane ngesonto elizayo."

Imbongolo, inkomo nengulube zazifuna ukwazi ukuthi
 yini eyayenziwe yikati eyenza ukuba likhethwe.



"Kufanele uhlale uhlanzekile ngaso sonke isikhathi futhi
 ubonise intshisekelo kokwenzayo. Kufanele futhi ubonise
 ukuthi uyakujabulela okwenzayo. Qinisekisa ukuthi ulandela
 okubhalwe ephepheni lomculo, ubukeke njengomuntu
 oyaziyo into ayenzayo naqequeshiwe kuyo," kusho ikati.

Imbongolo, inkomo nengulube zabukeka zidangele
 kakhulu ngokuba zingakhethwanga ukuba zicule
 emshadweni womlimi, kangangokuthi ikati lazizwela.
 Lase lifikelwa umbono! Lazibuza ukuthi zazingathanda na
 ukulijoyina benze ibhendi yomculo! Zajabula kakhulu.

"Kumele siqale ukuzejwayeza amaculo ethu
 ngokushesha. Sineviki elilodwa nje," kusho ikati
 embongolweni, inkomo nengulube. Leli qembu lalifunda
 amaculo zonke izinsuku.


Ngosuku lomshado womlimi, wamangala ukubona
 zonke izilwane zindawonye esiteji. Zonke zazibukeka
 zihlanzeke kakhulu. Inkomo yase iyekile ukuhlafuna
 kanti ingulube yase iyekile ukwedeleta.

Ngenkathi ikati liphambili nethromboni, ingulube
 iphambi kwesigubhu, imbongolo isibambe isicingci
 nenkomomo iphambi kwemarimba, umculo waqala!

Ibhendi yaqala ingoma yayo yokuqala:
*Ooowu! Ooowu! Oooowu! Prrrrrrrrrrr!
 Muuuuu! Muuuuu! Muuuuu! Muuuuu!
 Bhu! Bhu! Bhu! Ooiiiooiiooiii!
 Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu! Nyaaaaaaaawu!
 Grrrrgrrrraaawu! Nyaaaaaaaawu! Grrrrgrrrraaawu!*

Umlimi wayejabule kakhulu ngomculo owawudlalwa
 yiqembu, waze wamema izilwane ukuba zihlale etafuleni
 elaliseduze naye edilini lomshado.

Wonke umuntu emshadweni wawujabulela umculo.
 Bashaya izandla futhi badansela umculo kwaze kwasa.



Kusukela ngalolo suku, ibhendi yayithola izimemo
 eziningi zokuyodlala emishadweni eminingi
 ezindaweni zaseLimpopo. Imbongolo, ingulube
 nenkomomo zalibonga ikati ngokuzisiza futhi zonke
 zaba ngabangane abakhulu.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amanye amacebo ongawasebenzisa kule ndaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- ★ Njengendlela yokwethula indaba, cela izingane ukuthi zisebenzise noma yini njengensimbi yomculo – noma zivumeleke zisebenzise izandla kanye/noma izinyawo ngezindlela ezahlukene ukwakha isigqi. Culani iculo ndawonye ngenkathi izingane zidlala izinsimbi zazo. Bese-ke uyachaza ukuthi uzofunda indaba ngezilwane ezidlala ebhendini yomculo.
- ★ Emva kokuba ufunde le ndaba, cela izingane ukuthi zenze amaphosta okukhangisa ikhonsathi lebhendi yezilwane. Ngaphambi kokuba izingane ziqale ukwenza amaphosta, xoxisanani ngokuthi yiluphi ulwazi abantu abazodinga ukuba nalo mayelana nekhonsathi. Phakamisa ukuthi baqambe igama elihlakaniphile nelithakazelekayo lebhendi bese belifaka kumaphosta abo.
- ★ Dlala umdlalo nezingane. Zehlukanise ngamaqembu amane. Iqembu ngalinye kufanele lenze sengathi lingesinye sezilwane endaben: izimbongolo ezinezigingci, izinkomo ezinamarimba, izingulube ezinezigubhu namakati

anamathromboni. Xoxa nezingane ukuthi insimbi yomculo ngayinye idlalwa kanjani. Qala umdlalo ngokuthi, "Izinsimbi zomculo," bese amaqqembu kufanele enze sengathi adlala izinsimbi zawo. Uma uthi, "Yekani!", amaqqembu kufanele athule anganyakazi. Uma uthi, "Izilwane," amaqqembu kufanele enze umsindo owenziwa yisilwane ngasinye: akhale njengembongolo, abhonge njengenkomo, agqume njengengulube noma akhale njengekati. Shintshanisa phakathi kokubiza "Izilwane" kanye "nezinsimbi zomculo".

- ★ Cela ingane ngayinye ukuthi ibhale phansi izihloko eziyisihlanu zamaculo ayo ewathanda kakhulu ezingathanda ukuthi ibhendi yezilwane iwacule. Vumela izingane zikutsheli izinhlu zazo ukuze nthole ukuthi yiziphi izingoma ezinhlanu ezithandwa kakhulu ekilasini noma ethimbeni.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zibhalele incwadi noma i-imeyili ebhendini yezilwane ukuze zizicelle ukuba zicule emshadweni. Khumbuza izingane ukuthi kuzodingeka ukuba zifake imininingwane efana nendawo yomshado, isikhathi, indlela izilwane okufanele zigqoke ngayo nokuthi yiziphi izinhlobo zezingoma okufanele zizidla.

Mayelana nephrojekthi ye-Story Powered Schools

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelone wokufundela ukuzithokozisa wokohela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-Story Powered Schools yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNal'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngaboMnyango WezeMfundu, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).

Izikole eziyingxene ye-Story Powered Schools zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

